basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA

# NONYAKA 2012

# IBANGA 1

# ISIZULU - ULIMI LWEBELE

# IQOQO 3: IPHEPHA ELIYISIBONELO SESIVIVINYO

**UMHLAHLANDLELA WOKUSETSHENZISWA KWEZIBONELO ZEZIVIVINYO ZOKUHLOLWA KUKA-ANA**

## 1. Indlela Yokubuka Izibonelo zezivivinyo zokuhlola.

Ukuhlola kukaZwelonke konyaka nonyaka u-(ANA) singakubuka njengezivivinyo eziqoqayo ezibheka ulwazi kanye namakhono okulindeleke ukuba athuthukiswe kubafundi emabangeni, oku-1 kuya kwawesi-6 kanye nawesi-9. Lezi zibonelo zezivivinyo zelekelela ukuhlolwa okwenziwa ezikoleni, futhi kuqinisekisa ukuthi abafundi bazuze ngokwenele, ukuze bazethembe futhi bazimbandakanye ngempumelelo ekuhlolweni okwenziwa ngaphandle. Lezi zibonelo zezivivinyo zokuhlola zenziwa idlanzana lothisha kumbe ongoti abaluleka ngezifundo (*subject* specialist). Izibonelo zezivivinyo zokuhlola zihlola uLimi kanye neMathemathiksi. Imibuzo yezibonelo zezivivinyo zokuhlola ithuthukiswe yasuselwa kwikharikhulamu ngokwamathemu oku-1, esi-2 nawesi-3. Kwaphindwa kwangezelelwa ngephepha lokulungiselela ukuhlola elithi alifane nalelo lika-ANA. Lezi zibonelo zezivivinyo zokuhlola kanye nephepha elilungiselela ukuhlola elithi alifane nelika-ANA ahlose ukwelekelela ukuhlola okwenziwa ezikoleni ikakhulukazi ukuhlola okuqhubekayo. Ayangezelela futhi ayisibonelo sokumiswa kwemibuzo, awaqondile ukuthatha isikhundla sokuhlola kwasezikoleni.

## 2.Ukuma kwemibuzo eyezibonelo zezivivinyo zokuhlolwa.

Izibonelo zezivivinyo zokuhlola zenzelwe ukuveza izindlela namasu ayizinhlobonhlobo okuhlola amakhono nolwazi. Ukuhlola ulwazi ngqo lwesifundo noma amakhono kuzokwenziwa ngokusetshenziswa kwemibuzo lapho umfundi ekhetha khona impendulo efanele kwezinye ezicishe zifane, umfundi alindeleke ukuba abhale umusho, isigatshana, umfundi ahlanganise amagama, isitatimende, aqedele umusho, iphethini, nokutshengise izimpendulo zakhe ngemidwebo. Ngakho-ke othisha bazothola inqwaba yemibuzo eyizibonelo eyakhiwe ngezindlela ezahlukene ezosiza ukuthi abafundi bakwazi ukuphendula ngokuqonda nangeqholo uma sebephendula izivivinyo.

## 3. Ukuxhumanisa indlela yokufunda nokufundisa nokusetshenziswa kwezinsizakufundisa.

Ekuxhumaniseni imibuzo yesivivinyo, uzothola ukuthi kwenziwa ngamabomu ukuthi eminye imibuzo ihambisane namabhuku okusebenzela *(workbooks*) amiselwe ibanga lelo elihlolwayo. Izibonelo zezivivinyo zokuhlola zakhiwe, zahlelwa, zaxhumana nezidingo zesiTatimende seKharikhulamu sikaZwelonke yamaBanga kusuka ku-R kuya Kwele-12. (NCS) kanye nokuhlelwa kwe-*Curriculum and Assessment Policy Statements* (CAPS) yamabanga afanele kanye ne-National *Protocol for Assessment*. Le miqulu kanye neminye ekhishwa isikole, yakha izinsizakufundisa ezinothile, ukusiza othisha ekuhleleni izifundo kanye nokuhlola okubekelwe imigomo (*Formal Assessment*).

## 4. Ukusetshenziswa kwezibonelo zezivivinyo zokuhlola.

Njengoba izibonelo zezivivinyo zokuhlola zebanga nesifundo zihlelwe zahlanganiswa, uthisha akumele azinike abafundi baziphendule ngesikhathi esisodwa. Uthisha kumele akhethe imibuzo ehambisana nesifundo asihlelile ngaleso sikhathi. Isibonelo sesivivinyo sokuhlola kumele sikhethwe kahle sisetshenziswe ukubuza umbuzo noma imibuzo ehambisana nezinyathelo zenqubo kathisha yokufunda nokufundisa ngale ndlela :

a. Ekuqaleni kwesifundo makuhlolwe ukuthi yikuphi lapho abafundi bemandla khona nalapho bebafushane khona. Imiphumela yaloku kuhlola okungenhla kumele inike isithombe esikhombisa ukuthuthuka kwabafundi kulokho abakunikiwe ukuze kubonakale lapho bebafushane khona nalapho bemandla khona. Isibonelo sesivivnyo sokuhlola sibheka ukuthi kungakanani abakwaziyo, masenziwe njengomsebenzi wasekhaya ukuze kongiwe isikhathi sokufundisa ekilasini.

b. Phakathi nesifundo kungasetshenziswa ukuhlola okwakhayo ukuze kubhekwe ukuthi abafundi bayaphumelela yini ukuthola ulwazi namakhono afundiswayo, ukuze kungabibikho umfundi ozosilela ngemuva.

c. Ekupheleni kwesifundo kumbe kwezifundo ezimbalwa, abafundi banganikwa ukuhlola okuqoqayo ukuze kubhekwe ukuthi bazuze ngokwanele yini ulwazi namakhono abehlosiwe futhi bakwazi ukusebenzisa ulwazi namakhono abehlosiwe. Ukubikela abafundi ngobekuhlolwa kufanele kusheshe kwenziwe, ukuze uthisha abe nesikhathi esanele sokuphinda umsebenzi abewufundisile ukuze kuvalwe izikhala azibonile uma kunesidingo.

d. Kuzo zonke izinyathelo zesifundo, abafundi kumele bahlolwe, kusetshenziswe amasu ahlukene okubuza umbuzo. Isbn. ukwazi ukuphendula imibuzo yalezi zinhlobo; ukukhetha impendulo eshaya emhlolweni kwezinye (*Multiple Choice Questions*), imibuzo evulekile (Open Ended Questions) noma imibuzo edinga baphendule bebeka imibono yabo *(Free Responce*) nemibuzo emifushane njll.

Yize kuhlolwa ukuthi kungakanani abakwaziyo kanye nokuhlola okwakhayo kungaba kufushane ngokwemibuzo efakiwe, kepha ukuhlola okuqoqayo kuyokuba nemibuzo ethe xaxa ngoba kuyisivivinyo esiphelele esithi asifane nesika-ANA. Into esemqoka, ukuqikelela ukuthi abafundi bathola ithuba elanele lokuzilolonga ekuphenduleni imibuzo ethi mayifane neka- ANA.

## 5. Amamemorandamu noma umhlahlandlela wokuphendulwa kwemibuzo.

Thisha uyanikwa impendulo elindelekile yombuzo ngamunye wesibonelo sesivivinyo kanye nephepha elilungiselelwa ukuhlola. Othisha kumele bakhumbule ukuthi imemorandamu ivulekile. Amamemorandamu akunika imigomo ebanzi yokubheka izimpendulo ezilindelekile. Ngakho-ke othisha kumele banike imiklomelo yezimpendulo ezingafani kepha ezihambisana nokubuziwe.

## 6. Umthamo wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu.

Kusemqoka kakhulu ukuba umthamo wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu kwebanga nebanga kwenziwe ngokuphelele. Izibonelo zezivivinyo zokuhlola zebanga nezifundo zikwazi ukuqoqa wonke umsebenzi obekwe kwikharikhulamu. Izibonelo zezivivinyo ziyizibonelo nje zolwazi olubalulekile namakhono omsebenzi okumele wenziwe kwithemu yoku-1, yesi-2 neyesi-3 yalowo nyaka. Ukuklanywa komsebenzi ngokwesikhathi samathemu kuhambisana nalokhu okubekwe kwacaca kumqulu we- CAPS.

## 7. Isiphetho.

Inhlosongqangi yoMnyango wezeMfundo ukuba kuthuthukiswe amazinga aphakeme nayikhwalithi ukuze abafundi bathole amakhono asemqoka ekwazini iLitheresi neNyumaresi. U –ANA singathi esinye isikhali umnyango osisebenzisayo ukuhlola ukuthi kungabe izinga labafundi liyathuthuka, limi ndawonye noma liyehla yini. Izifunda zezikole zilindeleke ukuba zelekelele othisha ekufundiseni nokubanika izinsizakufundisa ukuze inqubo yokufunda nokufundisa yenzeke kahle ngangempumelelo. Ukusebenzisa izibonelo zezivivinyo zokuhlola zika- ANA njengengxenye yezinsiza kufundisa kuzosiza othisha ukuthi bajwayele ukusebenzisa amasu okuhlola ahlukene. Uma izibonelo zezivivinyo zokuhlola zisetshenziswe ngendlela efanele ziyosiza abafundi ukuba bazuze ulwazi olufanele, bathuthukise namakhono afanele.

1. **Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.**

| |
|---|
| UNita wayejabule kakhulu. Namuhla ugogo wakhe ufikile uzovakasha. Umzala wakhe uBongi naye ufikile. Ugogo uzodlala imidlalo nabo. Bazodlala ngaphandle. UNita usebalindele. UNita uyazi ukuthi kuzoba mnandi. |

1.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.**

**Ugogo uvakashele UNita e ...**

A esikoleni.

B ekhaya.

C ekilasini.

D esitolo.

1.2 **Gcwalisa ngegama elisele ukuze uqedele lo musho.**

UBongi kanye no... bavakashele UNita.

1.3 **Kokelezela impendulo efanele.**

Ugogo kaNita/u-anti kaNita uzovakashela UNita.

1.4 **Bhala u-Yebo noma Cha emgqeni.**

UNita noBongi bakuthanda ukudlala ……………………….

1.5 **Phendula umbuzo olandelayo.**

Yimiphi imidlalo eyayidlalwa uNita, ugogo noBongi?

**...............................................................................................**

2.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.**

**UNitha ujabule ngoba** Ugogo wakhe ...

**bani ozovakasha?**

A uzombiza

B uzomsiza

C uzomlanda

D uzomvakashela

2.2 **Gcwalisa ngegama elifanele ukuze uqedele lo musho.**

........... noNita bazodlala bazijabulise.

2.3 **Faka lolu phawu X ebhokisini elifanele.**

**UNita uyajabula uma**

| | |
|---|---|
| Ugogo ehamba. | |
| Ugogo uyavakasha. | |

2.4 **Dwebela u-Yebo noma Cha.**

Bonke bazothokoza. Yebo/chabo

2.5 **Phendula lo mbuzo.**

Ngubani uBongi?

..........................................................................................

3. **Buka lesi sithombe bese ufunda indaba elandelayo.**



Zonke izinsuku laba bantwana baya esikoleni. Bangabangani abakhulu futhi bafunda ekilasini elilodwa. Bahlala emgwaqeni ofanayo. Bayakuthanda ukuhamba ngezinyawo ukuya esikoleni.

3.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.**

Bayaphi abantwana?

A Esikoleni

B Ebhishi

C Ezitolo

D Epaki

3.2 **Gcwalisa ngegama elishiyiwe kulo musho.**

Abantwana ba .........................abakhulu.

3.3 **Phendula ngo Yebo noma Cha.**

Kungabe abantwana bayagibela njalo uma beya esikoleni?

...........................

3.4 **Qedela lo musho.**

Abantwana bathokozile ngoba ...........

3.5 **Phendula lo mbuzo olandelayo.**

**Bahamba kuphi abantwana?**

...............................................................................

4.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.**

Bangaki abantwana abaya esikoleni?

A bahlanu

B babili

C bane

D bathathu

4.2 **Faka lolu phawu X ebhokisini elinempendulo efanele.**

| | |
|---|---|
| Izolo abantwana uya esikoleni. | |
| Izolo abantwana baye esikoleni | |
| Izolo anatwana baya esikoleni. | |
| Izolo abanwana bazoya esikoleni. | |

4.3 **Qedela lo musho.**

Abantwana baphethe ...........................................

4.4 **Benzani abantwana ngezincwadi zabo?**

Abantwana..............................................

4.5 **Dweba umugqa uqondanise umusho nesiphetho esifanele.**

| | |
|---|---|
| Abantwana bahlala | efulethini. |
| | emgwaqeni ofanayo. |
| | ebhishi. |

5.1 **Bhala lezi zinhlamvu ngosonhlamvukazi.**

a .........    j ........    h .......

5.2 **Dweba umugqa uqhathanise usonhlamvukazi nohlamvu noluncane.**

| | |
|---|---|
| B | d |
| D | u |
| U | b |

5.3 **Bhala la magama emgqeni.**

idilamu ..................................................... isikhwama .......................................


5.4 **Kopisha lo musho emgqeni.**

Umfana udlala ibhola lezinyawo.

5.5 **Bhala izinamba zala magama.**

isikhombisa **.......** kune **...........**

6.1 **Kokelezela okungahambisani nokunye.**



6.2 **Khetha igama ebhokisini elizoqedela lolu hlu olungezansi.**

| | |
|---|---|
| izandla | incwadi |
| ipensela | |


Imilenze

Izinyawo

Izingalo

...................................

6.3 **Bhala amagama ukuze uqedele umusho.**



Igundane libuka i ............. ne ...............

6.4 **Faka lolu phawu X emagameni ama -3 asitshela ngomcimbi wosuku lokuzalwa.**

| |
|---|
| ikhekhe |
| iketela |
| isipho |
| ibhaluni |
| u-ayisikhilimu |
| insimbi |

6.5 **Bhala izinsuku zesonto ezishiyiwe kulolu hla olungezansi.**

| |
|---|
| iSonto |
| uMsombuluko |
| uLwe |
| uLwe |
| uLwe |
| uLwe |
| uMgqibelo |


7.1 **Dweba isithombe sendaba yakho. Bhala umusho uchaze ukuthi kwenzakalani esithombeni.**

**Lalela indaba ezofundwa uthisha wakho.**


USam unesilwane sakhe sasekhaya. Yinja. Igama lenja nguRex. Uhamba naye zonke izinsuku. Umngani wakhe uTom uyamphelekezela. URex uyathanda ukubamba ibhola.

7.2 **Dweba isithombe esimayelana nale ndaba. Dweba uRex, uTom kanye noSam esithombeni.**

7.3 **Dweba isithombe uveze ukuthi kwalandelani emva kwalokhu okusezithombeni.**

| | | |
|---|---|---|
|  |  | |

7.4 **Dweba isithombe ukuze uqedele le ndaba.**

| | | |
|---|---|---|
| <br>Inyoni engumama ibona iqabunga. | | <br>Inyoni ihlezi phezu kwesidleke. |

8.1 **Dweba umugqa ukuqhathanisa amagama namagama asemushweni ngezansi.**


| | | | |
|---|---|---|---|
| lezinyawo | ibhola | udlala | umfana |

Umfana udlala ibhola lezinyawo.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ukubhukuda | esikhulu | athanda | amantombazane | esizibeni |

Amantombazane athanda ukubhukuda esizibeni esikhulu.

8.2 **Buka lesi sithombe.**



Gcwalisa ngegama ukuze uqedele lo musho.

Abantwana baya ko .............

8.3 **Sebenzisa amagama angezansi wakhe umusho.**

uMpho bangabangane noThabo abakhulu


.........................................................................................


8.4 **Bhala umusho omayelana nawe.**

8.5 **Buka lesi sithombe. Bhala imisho emi-2 ngaso.**



9.1 **Gcwalisa ngemisindo ukuqedela la magama.**





**i......alankala.** **isi......bhu.**

9.2 **Yakha uphinde ubhidlize amagama.**

9.2.1 **ichwane ...............**

9.2.2 **um + khu + mbi .......................**

9.3 **Dwebela amagama anomsindo ofanayo.**



**ixoxo iphuphu ivovo uxamu icici**

9.4 **Sebenzisa le misindo ukwakha amagama.**

9.4.1 **sh .................**

9.4.2 **ch .................**

10.1 **Gcwalisa ngemisindo ukuqedela la magama.**

isa......  ida…. 

10.2 **Qhathanisa igama nesithombe. Dweba umugqa osuka egameni uye esithombeni.**

Ilambu ibhulashi




10.3 **Bhala amagama alezi zithombe.**




**....................** **..........................**

10.4 **Gcwalisa ngegama elisele. Khetha ebhokisini.**

| | |
|---|---|
| plagi | ntambo |

Ubhavu une ................. 

Leli ibhola le ................. 